



health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

DIRECTORATE:

Communications / Public Relations

Physical Address: Durban Road, Richmond, 3780
Postal Address: **Box 133, Richmond, 3780**
Tel: 033 212 2170 Fax: 033 212 3450 Email: Hlanganani.Bhengu@kznhealth.gov.za
www.kznhealth.gov.za

Enquiries: J.H Bhengu
Date: 27 July 2017

USOMQULU WOKUZIBOPHEZELA KWABEZEMPILO ESIBHEDLELA SASE RICHMOND NESIGCEME SASE MGUNGUNDLOVU

“SITHOLAKALA KUPHI”

Isibhedlela saseRichmond sezempilo sitholakala ku Richmond Durban Road, Chilley Street 3780 maduzane neMasakhane Coffin Manufacturers kanye ne Richmond Village.

Inombolo yocingo : 033 212 2170
Isikhahlamezi : 033 212 3450
I- Email : Hlanganani.bhengu@kznhealth.gov.za
Ikheli leposi : P.O Box 133, Richmond 3780

UMBONO WETHU

ISIGULI SINIKEZWA IMPILO ENGCONO EMPHAKATHI ONGENASO ISIFO SOFUBA NEGCIWANE LESANDULELA NGCULAZI

UMGOMO WETHU

UKWELAPHA ISIFO SOFUBA NOKUKUHLINZEKA UKUNAKEKELA NGOKUPHELELE, NGOKUSEBENZISA ABASEBENZI ABANAMAKHONO APHEZULU NOKUBANDAKANYA UMPHAKATHI, KANYE NABANYE ABATHINTEKAYO UKUKHUTHAZA MAYELANA NOKUVIKELA NOKUNQOBA ISIFO SOFUBA.

IZIMO ZETHU EZIBALULEKILE

UKUNGABI NAZIMFIHLO, UKUSEBENZISANA, UKUZIBOPHEZELA, UKWETHEMBEKA, UKUNAKEKELA, UKUZWELA, UKUHLONIPHO, UKULETHA AMASU AMASHA.

IZINHLELO ZETHU

Isibhedlela sase Richmond siletha izimo zempilo kubobonke abantu abahaqwe yisifo sofuba kanye negciwane lesandulela ngculazi nengculazi. Isibhedlela sethu siletha lezizinhlelo kubobonke abantu neziguli ezivela kwezinye izibhedlela ezingaphansi kwesifunda saKwaZulu Natali nasemakliniki asondelene nathi ku District 22.

IZINHLELO ZETHU ILEZI EZILANDELAYO:

- Izinhlelo zokwelashwa kwesifo sofuba ezitholakala ngasosonke isikhathi
- Izinhlelo zokuhlola nokweluleka abahaqwe isifo sesandulela ngculazi nengculazi
- Izinhlelo zokwelapha/zobudokotela
- Izinhlelo zocwaningo
- Izinhlelo zemithi
- Imishanguzo kanye nezinhlelo zokufundisa iziguli ngokuphila ngemishanguzo yesifo sengculazi
- Izinhlelo zosonhlalakahle

AMAZINGA ETHU ONAKEKELO ACHAZWE NGOKULANDELAYO

- Lesibhedlela sikezingeni lesigaba sesine.

↓ UKUHLELWA KWEZIKHUNDLA

- Umphathi wesibhedlela
- Umphathi wodokotela
- Umphathi wabahlengikazi
- Umphathi wakwandabazantu
- Umphathi wezimali
- Umphathi wezemisebenzi

↓ IMIGOMO YEZINGA LOMSEBENZI

- Sihambisana ngokugcwele nosomqulu weziguli kanye nemigomo yeBatho Pele
- Sixhumana nemiphakathi mayelana nezidingo esizilethayo
- Siqinisekisa ukuthi umphakathi uthola amathuba alinganayo okuthola izidingo

UKUZE SITHUTHUKISE IZINHLELO ZETHU EMPHAKATHINI, SIZAMA NGAKHOKONKE OKUSEMANDLENI UKWENZA LOKHU OKULANDELAYO:

- Sikulethelea izinhlelo zempilo ezisezingeni eliphezulu ukuze siqinisekise ukwaneliseka kweziguli noma umphakathi ngasosonke isikhathi njengonikeza iziguli imithi yesifo sofuba efanele neyanele nakhonkonke abakudingayo esingabanakho.
- Sibe nezinkombiso ezifanele ezikukhombisa iminyango ekutholakala kuyo usizo ezakhiweni zethu nangaphandle kokuphazamiseka okungadingeki
- Sixhumana nawe ngolimi olaziyo noluqondayo
- Siqinisekisa ukuthi uhlale uphephile ngesikhathi usezakhiweni zethu
- Sithuthukisa izinga eliphezulu lokuhlangezeka kwezakhiwo zethu

↓ *UMA UNOMBUZO, UMBONO, NOMA ISIKHALO, UNGATHINTANA NOMXHUMANISI WESIBHEDLELA UMNU. HLANGANANI BHENGU*

↓ *SIZOWUBUYEKEZA USOMQULU WETHU WOKUZIBOPHEZELA NGOKUBHEKA IZIDINGO ZENU NOKUNIPHENDULA NGOKUSESEBENZA KWETHU*

UMPHATHI SIBHEDLELA

Mr. N.P Dladla
P.O Box 133, Richmond 3780
Tel: 033 212 2170
Fax: 033 212 3450